BU African Studies Center LANGUAGE PROGRAM, 232 BAY STATE ROAD, BOSTON, MA 02215 www.bu.edu/Africa/alp africa@bu.edu 617.353.3673

# Isaga 1 : Ukhamba Lufuze Imbiza

## Characters

| | |
|---|---|
| Ubaba: | Mdu Zondi |
| Umama: | Nomfundi Cele |
| Indodakazi: | Sinethemba Shezi |
| Umakhelwane 1: | Celani Zwane |
| Umakhelwane 2: | T.Q. Zondi |
| Indodana: | Mhlengi Zuma |

## Transcript

| | |
|---|---|
| Ubaba: | Eeee, ngilambile, lo mfazi akangilungisele ukudla. Umthetho wakhe sekufuneka ahambe aye kubo ngoba ikhanda lakhe alithathi kahle. Kuyacaca ukuthi akashayiwe, akophile ... Eee...we MaLembethe! |
| Umama: | Baba! |
| Ubaba: | Letha ubhiya wami,  ngilambile ukudla kuphi? Kuphi ukudla mfazi? |
| Umama: | Baba! Hawu baba, hhayi bo! |
| Ubaba: | Hhe? Kuphi ukudla hhe? |
| Umama: | Hawe ngafa mina, hhayi bo! |
| Indodakazi: | Hawu sizani bo! Baba kaMpume sizani,  sizani bo! Hawu! |
| Umakhelwane 1: | Kwenzenjani makhelwane? |
| Umakhelwane 2: | Kwenzenjani, kwenzenjani, yini? |
| Ubaba: | We makhelwane okabani lo muzi? |
| Umakhelwane 1: | Owakho baba. |
| Ubaba: | Uhlanganisani nomuzi wami? Wake wangibona mina ngiza emzini wakho ngingena ngizogxwambukela njenge... njengempukane obisini? |
| Umakhelwane 2: | Kulungile baba hlala phansi la, shiya i'mpukane, hlala la. |
| Ubaba: | Yeyi, owami lo muzi, yeyi wena mfazi, usulande lawa amadoda akho? Uqome omakhelwane wena. |
| Umama: | Hhayi bo |
| Umakhelwane 1: | Hhayi cha, Bazokulungisela, bazokulungisela. |
| Umakhelwane 2: | Kuyeza ukudla baba, kuyeza ukudla. |

| | |
|---|---|
| Ubaba: | Ngifuna ukudla ngilambile. |
| Umakhelwane 2: | Kuyeza ukudla. |
| Ubaba: | Awuthi ngivele ngihambe kulo muzi nginishiye, ngiyabuya! Nizongithola kahle. Uma ngibuya la nizonya...othi ngihambe ngiyophuza. |
| Indodakazi: | Asihambe siqhubeke silungise ukudla Ma. |
| Umakhelwane 2: | Cishe walimala yeyi…..bengizokwenza sadoti ngaleli litshe. |
| Indodana: | Ma! |
| Umama: | Yebo. |
| Indodana: | Ngicela ukudla. |
| Umama: | Hhawu mfana wami, usulambile? |
| Indodana: | Ngiyafa yindlala. |
| Umama: | Nakhu-ke baba yidla….Yini Bhekifa? |
| Indodana: | Ngithe ngicela ukudla, yini le? |
| Umama: | Ukudla! |
| Indodana: | Ukudla lokhu? Iklabishi? |
| Umama: | Ehhe ukudla. |
| Indodana: | Inyama iphi? |
| Umama: | Hhayi bo mntanami, yidla … |
| Indodana: | Ubaba uyayithenga inyama, yini yona le? |
| Umama: | Hhayi bo…!!! |
| Indodakazi: | Bhekifa!! |
| Indodana: | Yikho ubaba ekushaya. |
| Indodakazi: | Hhayi bo Bhekifa, uMa lo okhuluma naye! |
| Indodana: | Yikho ubaba ekushaya nje, yikho ubaba ekushaya, ubheda kakhulu. |
| Indodakazi: | UMa lo okhuluma naye, uyazizwa kodwa ukuthi uthini? Uyazizwa yini ukuthi uthini? |
| Indodana: | Ngifuna ukudla mina, ngizizwa kahle, ubaba ushaya into enje, ushaya into yokushaywa vele! |
| Indodakazi: | Hhayi bo. |
| Umama: | Ngaze ngahlupheka, ngizalelwe yinja endlini impela mntanami. |
| Indodakazi: | Hawu ma. |
| Umama: | Impela mntanami, baqinisile abathi ukhamba lufuze imbiza, hhawu nkosi yami, hawu…eyi… |